



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Indlela yokuphila / 'A way of life' 2008

SFX: Music

Mxolisi: E imvamisa isikhathi sami ngisichitha ngokuthi ngihlale ngibukeli TV ama movies ngoba ngithanda kakhulu ukubuka ama movie bese makukuthi ama sengibhorekile ukubuka amamuvi sengilalelela uMusic we reggae.

I spend most of my time watching TV and movies because I really like watching movies and then when I'm bored with watching movies, I listen to reggae music.

SFX: Music

Mxolisi: Igama lami nginguMxolisi isibongo ngingowaka Tembe ukudlalibhola ngikuqale ngisemncane kakhulu ngoba umangikhumbula kahle ngiqale la bengineminyaka ewu 10 ngilandela obhuti bami abadala mabeya emagemini abo.

Ibhola liyinto emnandi kakhulu kithi thina esisakhula ngenxa yokuthi imvamisa sekugcwele ubugebengu eyindaweni so umakuwukuthi udlalibhola isikhathi esiningi sakho uyaye usichithe ebholeni lokho kudalukuthi kugcine ungasabonanga ezinye izinto emakhaya ugcinusuntshontsha usuwenza izinto eziphambene nokulunga uphuze ubhema ibhola-ke liya avoida ezintweni eziningi ezifana nalezo.

My name is Mxolisi Tembe. I started playing football when I was still very young because - if I remember correctly - I started following my brothers when they went to their games when I was 10.

Football is a great thing, especially for us growing up now because there is so much crime these days. If you play football you will spend most of your time at football games and not end up stealing and doing things like drinking and smoking. Football helps you to avoid things like this.

SFX: Music

Mxolisi: Isikhathi siyangishaya manje sengilate nalabafana sebengaze bengithethisi bathi sengiyazitshela manje ngenxa yokuthi bathembele kimi etimini [uyahleka]... amakhokho ami asafaseki nawo lentambo sngobuye ngifase lentambo iyoze ingibambebele kakhulu abafana sebejahe ukuthi singene egroundini manje.

Now time is against me...I am late and these guys will scold me and say that I am my own boss now because I know the team relies on me these days

[laughs]...and my boots don't fasten properly. I will fasten this lace later because it will hold me up and these guys must be champing at the bit at the soccer ground now.

Eyi sengiyaphuma – ke manje sengiyegroundini

I am leaving now – I'm on my way to the soccer ground.

SFX: Umsindo wamakhokho - footsteps

Mxolisi: Ngiyacabanga ukuthi ngeweekend siyawina ngoba sinegame ngeweekend mangijime kahle ngiyazi ukuthi hayi ngingenza yonkinto iqhubeka.

I think that we will win at the weekend - we have a game on the weekend. I should run because I know that I am holding things up now.

SFX: Club iyacula iyazilolonga – soccer club singing and working out

Mxolisi: Eh, i game eyaba yinhle empilweni yami yayikhona ngo 2004 it was my first game ngiqala ukudlala ibhola nje sengibona njenamukuthi ngiyalidlala ibhola ngangiqala even ukutholishe eme ethimini yaqmi engikuyo leyogame leyogame leyo yayiyinhle kakhulu kimi ngoba ngathi ngingena ngashayigoli eli 1 lapho engaqa khona ukuthi ngibone ukuthi ithalente lebhola lapha kimi likhona.

The best game of my life was in 2004. It was my first game, the first time I felt that I was actually a football player, my first time to get a place in the team. That was a very good game to me because when I came in I scored a goal and that's where I saw that I had talent.

SFX: Umsindo wokugendwa kwebhola – ball bouncing

Mxolisi: Amagoli ngiyawakola kakhulu into efike ibe inkinga ukuthi angisona isitrayikha ngqo into engivamise ukuthi ngiyenze ngiya kumiddle field nakuyidefenda kuphela.

Uma ngishayigoli nje unfortunately a angikwazi ukujabula empilweni yami ngiyama lababanye beze bazongibamba ke ngiyahluleka ukuthi ngijime, ngirole noma ngenzeni ngiyahluleka.

I do score goals a lot but the problem is I am not a striker, so I am usually in middle field and defence only.

When I score a goal, unfortunately I'm not the type to show off, I stand there and the others come and hug me, I don't run and roll and do whatever, I really find it hard to do that.

SFX: Umsindo wamakhokho – sound of soccer boots

Coach: Ungathi uma ubambibhola uyidifenda uyazi mawulishaye liyephambili uma ulishaye liyephambili lisheshe libuye futhi shuthi nje wena uma ubambi ibhola uliphasa nje ulayini wakho ulayini wakho ulifake esiswini bafike libambi nalo baphambane bodwa nabo size sigcine sikore igoli uma singenzanjalo nje singakora nizeze ithuba ningabuyela futhi egroundini nolokhuzana.

When you hold the ball you're defending, and when you kick it forward and then it comes back quickly then again that means that you must pass it to your line and your leads to the mid-field and they hold it there and then they cross and then you end up scoring a goal. When we do it like that we could score and give a chance for it to come back to the ground.

SFX: Umsindo wokuhleka nezandla namazwi – crowd applauds

Mxolisi: I message enginayo mh;lampe engithanda ukuyidlulisela kwabanye abafethu abathanda ukudlala ibhola ukuthi into uma uyithanda kumele uyithande ngoba uyithanda ngempela hhayi ukuthi ucabangukuthi ngoba uyodlala ibhola uchitha ngaso isizungu ibhola iyasiza kwesinye isikhathi ngoba umzimba ugcina uhealthy kakhulu avoid ukuthi niphathwe izifo ezilula njengomkhuhlane amafloe neminye imikhuhlane emincane kakhulu.

So, ibhola liyasiza ekutheni umzimba wakho ubehealth ngalendlela yokuthi izifo azikutholi kalula so ngiyakhuthaza ukuthi emphakathini noma eyindaweni zethu kuhle ukuthi abafana abasebancane bayikhiphe bhizi badlale ibhola.

The message I have today that I would like to pass on to other brothers who would like to play football is that if you like it you should really commit to it and not just think you go to play it just to pass the time. Soccer helps because your body ends up being very healthy and you can avoid getting flu and colds easily.

Soccer helps your body to be healthy so you don't get sick easily so I encourage it in the community or in our areas. Young boys should keep themselves busy with soccer.

SFX: Umsindo wokugendwa kwebhola – ball bouncing

Mxolisi: Cha ngizizwa ngikhululekile kakhulu ibhola into engithandayo kakhulu iyona futhi into engichitha ngayo isizungu isikhathi esiningi ngoba ngayinikela ekutheni ngolidlalibhola until I die.

No, I feel very relaxed because soccer is something I enjoy very much, it is also something that helps me to focus my time on because I have dedicated myself to playing soccer until I die.

SFX: Umsindo wokugendwa kwebhola – ball bouncing



For further information contact:

Helen Meintjes, Children's Institute

helen.meintjes@uct.ac.za

+27 21 689 5404

Bridget Walters, Zisize Educational Trust

bridgetw@iafrica.com

+27 35 572 5500

Sue Valentine, Radio Workshop

sue@radioworkshop.org

+27 21 465 6965

Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm